Various items about Zulu custom

1b

K13/21

1/17

s715 (45) K/3/21 F. Vilakazi

1. Imi6ala yezinkomo

Inka6i e6omvu:- kuthiwa inhla6ava

Inkomazi e6omvu:- kuthiwa inhla6avukazi

Inka6i emnyama:- kuthiwa inzima emnyama.

Inkomazi emnyama:- kuthiwa inzimkazi. Inka6i enama6ala amhlophe namnyama:- kuthiwa ilunga.

Inkomazi enama6ala amahlophe namnyama:- Kuthiwa ilungakazi

Inka6i enamhlophe na6omvu:- kuthiwa inco

Inkomazi enamhlophe na6omvu kuthiwa - incokazi

Inka6i eno6omvu noma emnyama enom6ala omhlophe emhlane nangaphansi kuthiwa - inkone

Inkomazi kuthiwe - inkonekazi

Inkomo empofu enama6ala amhlophe kuthiwa - imaqanda kawayi6a

2. Inka6i empofu ngokuzothileyo kuthiwa - umdu6u.

Inkomazi kuthiwe - umdu6ukazi

Inkomo e6omvu tebu kuthiwe - i6u6ende

Inka6i ensundu kuthiwe - insundu

Inkomazi kuthiwe - insudukazi

Inkomo enama6ala amhlophe nomuyama elinganayo kuthiwa - izihlala zemithi.

Inka6i e6omvu ngokufiphele kuthiwa - ufipha

Inkomazi kuthiwa - ufiphakazi

Inka6i emnyama ene6ala elimhlophe ontwini kuthiwa - iwa6a

Inkomazi kuthiwa - iwasakazi

Inka6i e6omvu ene6ala elimhlophe ontwini kuthiwa-intusi

Inkomazi kuthiwa - intusikazi

Inka6i enama6ala ampofu namhlophe kuthiwa - inzotha

Inkomazi kuthiwa-isizothakazi

3. Inka6i emhlophe ngaphansi kwentamo kuthiwa - iklalathi

Inkomazi kuthiwa - iklalathikazi

Inka6i emhlophe kusukela e6usweni kwehle ngesisu kuyekuthathe emlenzeni yonke kuthiwa - impemvu

Inkomazi kuthiwa - impemvukazi

/Inka6i.....

MMM

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Inka6i empunga o6ukhanya kakhulu kuthiwa - ihwanqa

Inkomazi kuthiwa - inwanqakazi

Inka6i empunga kuthiwa - impunga

Inkomazi kuthiwa - impungakazi

Inka6i emnyama noma e6omvu ene6ala elimhlophe elikhulu ohlangothini kuthiwa - ihemu.

Inkomazi kuthiwa - ihemukazi.

Inka6i eyingudulu kuthiwa insizwa

Inkomazi kuthiwa - insizwakazi

Inkomo k empondo zibeke phezulu, olunye lubeke phansi kuthiwa igodla

4. Inkomazi kuthiwa - igodlakazi

Inkomo ezimpondo zibeke phezulu kuthiwa - impondo zamnenke

Inkomo ezimpondo zibeke phansi kuthiwa - amahlawe.

Inka6i enophondo olwephukileyo kuthiwa isihleza

Inkomazi kuthiwa - isehlezakazi

Inkomo empondo zibeke emuva kuthiwa - yisiqengqe.

Inkomo engenamsila cwanqamuka kuthiwa - umnqini

Inka6i emafahlafahla ngokumnyama no6omvu kuthiwa - imavovo.

Inkomazi kuthiwa - imavovokazi

Inkomo ethenwe isindala kuthiwa - inxahi.

Inkomo eyephuka olunye uphondc kuthiwa isihleza

Inkomazi eno6isi kuthiwa - insengakazi

Inkomazi engena6isi kuthiwa isigqala

5. <u>Izibingo nezisho zezihlakaniphi.</u>

Zinqunywa amakhanda ziyekwe

6ungachitheka 6ugayiwe

Libidlika libunjiwe.

Kungima ematheni

Umlomo kaweyi

Kazi iyozala nkomoni.

6ungangamanzi okuphala izikhumba.

Iwe ngophcndo

Limadla zi6unu.

Ikati sehlaleziko.

Uhamba ngezimahu6a.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s715

Udlala ngegeja kuziliwe.

Akunyawo, olomthakathi.

Tokolo themba amathunzi ayewukela

Imfene igijima emini.

Amafutha kawahlangani namanzi

Amanga awahlangani neqiniso.

Izilima zilifa lezihlakaniphi.

Ivila livuna u6uvila

Isikhuthali sivuna ukukhuthala.

6. Ukudla ukudlela ogageni.

Kakunkani nigangeyesele.

Itshe limi ngothi.

6oze 6aku6one a6anamehlo.

Ngimbeke inkamba 6eye6uza.

Ungangihla6i ngamkhonto munye

Idela ngokuphindwa.

Kukude emuva, kukude phambili.

Aphelile.

Ligade lidiniwe.

Seziyinkinge emthumeni.

Yawachitha umuthi inkonyane.

Waze wenda myeni.

Unothanda ku6ukwa njengesaka6uli

Ilanga lingawa lichoshwe zinyoni.

Inkomo ingazala umuntu.

Ngingahlanza engikudle ngayizolo.

Kungahlwa emini.

U6a6a angavuka um6one ngemehlo

Ukhukho lwamuka nomoya.

Ka6athandani-amathe nolimu

7. Wozekhale ezimaconsi.

Akugwala amanzi,

Ubodlela emswaneni.

U6izwa ukufa.

Kawumbiwa ndawonye.

/Uzo6ona.....

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s715

Uzo6ona ukuóamba kwembungulu.

Lungithe heqe kwamancane.

Uyoze u6ambe isitalagu ngezandla.

Kukwadlula wafa.

Izindlovu zidlekhaya ngokweswela umalusi.

Inhla6athi kayinoni.

U6ukhali nganxanye.

Ungi6ophela amanqina enyathi.

Si6a6ambe ngezidlozana.

Seko6onwa ngokusa.

Yikizilo zokwelamana.

So6onga sisuthi.

Sekwavalwa ngehlahla.

Ngigeqe amagula kuyahajwa yini?

Akulanga li6alele nase6ukweni 6ezichwe.

8. Unonele phakathi okwendlanzi.

Sezihu6a sakusha.

Insika isidliwe ngumuhlwa.

Akusoka lingenasici.

Akwenziwa ngamthi.

Inyamazane edla yodwa.

Uyinda6a egudwini.

Kaluthezi olumanzi.

Kanconsi phansi.

Yekimihlola ingehlela!

Kade ngi6ona.

Siphundu kawu6oni, 6aphela a6antu 6akho.

Ngingene esigodlweni ngaphakathi.

Ngiyihululi imfi6inga.

Dadewethu ka6a6a!

Kayi6anjwa isavela.

Silima sodwa esinga6oni.

Uzulelwa ngamanqe ekhanda.

Wo6uvelelwe yinda6a.

Ukuwudla u6omvu

MLM /Kazimahleya.....

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s715

Kazimahlaya izinyembezi zomuntu.

9. Ophandela omunye, uziphandela yena.

Kaliphandwa igodi umuntu engakafi.

Ngoze ngikuhlinzise umhlu6ulo wenyoka.

Imbiza izwiwa ngothi!

Uyo6e uyakwazi ukuphuma nomlilo emanzini.

Nihlezi ku nje-nje nidla amasaka6uli yini?

Kukwazenzele.

Yeka ukuse6enzela emuva njengesambane

Amandlesambane.

Inhleka6ayeni.

Niyo6e semnyathele amasimba a6antwana.

Umsheshelengwana ozishaya incekwana

Waze wadela umvi ngokuzi6opha ngexhama.

Izwi6ela ladla indlovu.

Ukufa kudla ifumuka kudle isilaza.

Umlungu angathunga isicoco.

Wakhahlelwa yihashi esifu6eni.

Lapho kukhona khona ~~ux~~ isidumbu

Yilapho kukhona khona amanqe.

10. Ukufa ngokwa6antu 6onke

Ukufa kakujwayeleki.

Igazi lomuntu liyakhala.

Lafa elihle kakhulu.

Ubekeyahlulwayo.

A6apheki a6aningi 6aya6ona u6u6ende.

Uzidlise ngo6uthi 6akhe.

Imali yimpande yesono.

Ukukhuluma iqiniso kakuzoneli.

Ka6alani yinja nekati.

Ukujwayelana ku6anga ukudelelana

Isitha somuntu nguyena uqo6o lwakhe

Ichilo lasekhaya liyafihlwa.

Amanzi azwiwa ngoboko.

Kawuwelwa ummfula ugcwele.

/Iso.....

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Iso liwela umnfula ugcwele.
Umhawu usuka esweni.
Lixhoshwa libekile.
Ikhotha eyikhothayo
Kuhlonishwana ka6ili.

11. Imikhombe iyenanana.
Uku6ona kanye uku6ona ka6ili
Zala 6antu zeye6antweni.
Akukhontombi yagana inyamazane.
Imbila yaswela umsila ngokulayezela.
Akukho qili lizikhotha emhlane.
U6ucwi6i o6uhle okuhamba nga6u6ili.
Iqili lidliwa ngamanye amaqili.
Indlu yegagu iyanetha.
Ayingangamlomo.
Idla ngokuqina.
Okwahlula amadoda kuya6ikwa.
Indlela i6uzwa kwa6aphambili.
Inyathi i6uzwa kwa6aphambili.
Injo6o ithungelwa e6andla.
A6akhe 6a6onana 6a6uye 6a6onane
Unyawo alunampumulo.
Isisu somhambi asingakanani.
Ukupha isihambi ukuzi6ekela.
Ukuhamba kuzala induna
Ukuzala ukuzelula.

12. Iqhina laphuma embizeni.
Kasinyelwa isihlahla.
Kusinda eyakwalunyawana.
Akukho si6onda seguga namaxolo.
Guga sithe6e, kade wawudlela.
Guga mzimba, sala nhliziyo.
Ithendele elihle ngelikhali ligijima
Isigwaca esihle ngesishosha sigijima.
Kubajwa eshoshayo.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s715

Elisina muva liya6ukwa.

Ungcede ukholwa yizagila.

Akumnango ungenathuna.

Akumfula ungahlokomi.

Akukho langa lishona lingena nda6a zalo.

Akukho ndlela ingayi ekhaya

Li6ujwa liseva.

Umthenthe uhla6a usamila.

Ugotshwa usemanzi.

Soze si6ohle manyosi.

Kokuqoqa ukuhlwa.

13. Woli6amba lingashoni.

A6a6uyisi 6aphambilo.

Ikha6a a6ayisengayo.

Induku kayinamviki.

Imhlambi ifela emanzini.

Isikhuni si6uya nomkhwezeli.

Isitsha esihle kasidleli.

Ikhiwane elihle ligcwala izi6ungu.

Ithemba kali6ulali

Kalethejwa ikha6a.

Kayikhulunyelwa eziko inyoni.

Eyomndeni kayingenwa.

Akukho nkwali iphandela enye.

Induku enhle igawulwa ezizweni.

Akukho nkunzi zihlala si6ayeni sinye

Igeja lithengwa ngoku6onwa.

Inhloko idlelwa a6akhulu.

Iqaqa alizizwa ukunuka.

Usifumbu u6ona uqhaqhazela.

Unongqandela wazi ngokulelezela

14. Kokomunye nwayi kokwakho nqodo.

Akusithutha sindle6ende kwa6o.

I6ele lendlela kalwuthwa.

Intandane enhle ngekanina.

MMM

/Inkonyane.....

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Inkonyane enhle ngekhotwa ngunina.

Ingane engakhaliyo ifela embelekweni

Ingwe idla ngama6ala.

Umlomo lisho6a lokuziphunga.

Akundlovu yasindwa ngumboko wayo.

Usizi lwaziwa ngumninilo.

Ngiyakusho.

Udliwa isazelo sakhe.

Injalo iphuma edunjeni.

Isala kutshelwa si6ona ngomopho.

Uzenzile kakhalelwa kukhalelwa uzumekile.

Uhleka mina nje, kungawe kusasa.

Inxe6a lendoda alihlekwa.

Icala lembula ingu6o lingene.

Ziwadla ebekile.

15. Izwi lendoda liyabekwa.

Idlozi liyabekelwa.

U6ogawula ubeka.

U6ika imbi6a a6ike i6uzi.

Uyishaya emuva ayishaye phambili.

Imamba yelukile, uchakide uhlolile

U6ude ka6uphangwa.

Akulahlwa mbeleko ngokufelwa.

Izinta6a ezikude ngumasithela.

Akuyi olu6uyayo.

Kwehla ngamphimbo munye.

Zifa ngamvu-nye.

Kudliwa kushiyelwane.

Kayihlatshwa mvusi.

Ithi ingadla ithambo ijwayele.

Ithi ingangcothuka isisila ihlekwe.

Isithukuthuku senja siphelela o6oyeni.

Elokufa kalitsheli.

Uhamba akwazisi.

Ukuguga kakumemezi.

MMM /Okwakho.....

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Okwakho okudlile.

16. Elakusasa akulakho.

Ukufa u6uthongo

Kafi umuntu kuguga, uphulwa ukufa

Ucu alulingani.

Uthando ngumdonsiswana.

Amageja alingene a6alimi.

Ungishaye ngemfe iphindiwe.

Ungiphathe ngodaka emehlweni.

Ungi6ambise udonga.

Aku6uyelwa nganxanye kungemanzi

Aku6uyelwa emva kungemgqiza.

Ukhozo oluhle olungenampepha.

Inkukhu inqunywe umlomo.

Ngi6ambe elentulo.

Uthando kalu6oni.

Zi6anjwa zimaphuphu.

Umhlambi kazalusile.

Unda6a ma6andleni.

Siphundu kawu6oni ngani6aphela

A6antu 6akho.

Kuguga othandayo.

17. <u>Umdlalo wa6afana neziga.</u>

<u>Iziki:-</u>

Lomdlalo wenziwa uma izinkomo ziyongena emasimini, noma umaziyokhalinywa ngomunye umfana. Kuthathwa induku ende. Kuzakuthi owokuqala umfana athi ngiya lusho, 6ese ethi olandelayo ngikuwe, nolandelayo njalo athi ngikuwe esho kowesi6ili 6aze 6aphelele. Kuzothi owokuqala a6ambe induku ngaphansi kulandele okuyena, 6eyi6amba ngezandla sombili induku. Kuyakuthi uma izindla zingapheleli asuse o6ambe ngaphansi a6eke ngaphezulu kogcinile zize ziphelele endukwini izandla oyena ogcine phezulu laku phela induku, uyena edliwe iziki. Usezohamba ayokweqela

18. izinkomo. Noma 6enga6a 6a6ili 6ayoshintshanisa izandla kuze kufike ekugcineni.

MMM

/Igoda.....

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Igoda:-

Igoda lenziwa ngotshani futhi lenziwa nga6a6ili njalo kuze kuphele, 6onke 6elenza nga6a6ili. Kuthathwa utshani o6uluhlaza umuntu a6u6ambe ngezinzipho, nomunye a6u6ambe ngezinzipho, 6a6unqume o6usalele ngakuyena, uyowehluliwe. Uma 6e6unqume kanye kanye a6asalelela ngakumuntu 6ayaluphinda Igoda. Onezinzipho ezinde uvama ukuphumelela ngo6a usheshe alunqume. Alunqumile kuswelekele lingaveli ezinzisheni licashe. Uma livelile aka-phumelele naye. Ohlulekile usezolenza nomunye njalo. Kuyothi
19. osalele ku6e uyena alanda izinkomo.

Umci6isholo:-

Ukuci6ana into endala ya6antu, kwakuliwa ngayo. A6afana 6akuthathele khona lapho. Kwakucitshwana ngemikhonto. Kwakuthi uma a6afana 6elusile 6akhande izigqa. Izigqa lezi yizona kucishwa ngazo. Kuthathwa induku engakomi, esemanzi ilinganiswe kahle, kuthathwe intambo noma uzi uma intambo w engekho, a6anye 6athatha umsho6a wezinkomo 6awuphothe 6enze ngawo intambo. Sekuzakuthi 6a 6ophe ngaphanangapha ukhuni noma induku esemanzi. Seyizogotshwa induku lena. Sekuzothathwa izindukwana zicijwe zenziwe umci6isholo.

20. Uma6ethanda 6athathe ugqunga 6ese 6ethatha ameva, kahaliboma 6awafake ogqungeni. Umci6isholo owokuci6a izinyoni noma izimbiba.

Ukuci6a kwakwenziwa igoda, kuthi osilele ku6e uyena oyo kweqela izinkomo. Kwakukhethwa isihlahla kucishwe sona.

Unkatha lezinduku:-

Kuzovela omunye umfana alusho alandelwe omunye njelo, 6aze 6aphelele 6onke. Naloluludlalwa nga6a6ili. Omnye uthatha induku nomunye athathe yona. Omunye wokuqala ozoyi6eka ayivikisa ukuze omunye angayishayi kalula. Nomdlalo wona umcizuzu awusheshi ukuphela. Kuzothi owehlulekile ukuyishaya ku6eke yena njalo njena.

21. Umdlalo wamagaligi:-

Lomdlalo wenziwa e6usika uma izinkomo zidla amahlanga. Amagaligi anhlo6o mbili kukhona awesondo elilodwa, nawa masondo, amaningi ama6ili noma amathathu.

MMM

/Ukwenizwa.....

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s715

Ukwenziwa kwegaligi, kufunwa izinhlanga ezinde zokuqu6a zi6e imiphini wegaligi. Kuthathwe ibece elincane elimikahle libotshozwe phakathi lenziwe isondo. Kuza kuthi phakathi kufakwe uhlanga oluncane 6ese kufakwa nempini yombili. Emaceleni kuvinjwe ngezinto uku6a imiphini ingaphumi.

Lomdlalo owokujaha, kuzohlelwa ku6one oyoshiya a6anye ngelake igaligi. Nezigubu zamaswela ziyawa khanda amagaligi. Uvamise ezinkangala lomdlalo.

22. Unkatha lonyikijelo:- Kusuka 6onke a6afana, 6ahlele 6enze ulayini omude 6alinganisane 6onke. Kuzosuka ongase kuqaleni ku6e uyena oqala ukujukujela. Kwesinye isikhathi kuthathwa izinduku nayilowo, nayilowo aphathe eyakhe azojikijela ngayo. Kuye kuthi enye igxunyekwe kude na6o. Oyishaye wayiwisa uyena osephumile. Kuyakuthi ogcinile uyena ozokweqela izinkomo. Oseke wajukujela wehluleka akaphindi 6engaka jikijeli 6onke, uyama6ase 6aqede. Oseshayile uhlalaphansi kuthiwe usephumile yena. Nolamatshe lujalo unkatha. Kumiswa itshe kude 6alenembe 6onke, kuhamba ngohlu.

Ukugqashana:- Kuye kusuke omunye umfana athi ngiyakuqasha 6ani naziyana izinkomo. Kugqashwana uma izinkomo seziya ensimini

23. noma uma kufanele zeqelwe. Kodwa x lokuku6i ngo6a umfana owehlulwayo ugqashwa njalo. Yena usuke esa6e ukugqasha a6anye.

Umfana waphansi:- Kumbiwa umgodi u6emude 6ese kuthathwa isandla nomunye umfana segqishwa ngomhla6athi. Kugqishwe impela njengo6a kugqishwa isigxo6o. Kuye ku6uzwe kuqala ukuthi ungamehlula yini umfana waphansi? Uma uvuma usuyambelwa ugqishwe. Uma sewugqitshiwe 6athi khipha. Uzozama ufuna ukukhipha, x mhlaumbe uze umonyule. Omunye ehluleke njalo. Uma6e 6ona ukuthi uyehluleka ukumonyula 6ayakushiya noma usa ukhala. Kothi ntambama usushukeke washukeka 6ese kuthunywa omunye eyokumba. Lokwe nziwa izingqwele. Ziyakushaya u

24. Ukucupha:- Omunye umse6enzi wa6afana lona. Isikhathi esihle sokucupha kuse6usika izinkomo zidla amahlanga. Ziningi izindlela zokucupha:-

MMM

/Ugi6e.....

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Ugi6e:- Kuvama ukucushwa ngogi6e uma inyoni izalele. Uma kukhona indlu yayo. Amagedezi avama uku6ani beka kahle nezintaka, nongcede nezinye izinyoni ezinezindlu ezinje ngezalezi.

Kuthathwa umsho6a wenkomo uphothwe kahle, ukuze ungada6uki, wenziwe isihi6e esilingana ikhanda uku6a lingene umzimba ungangeni. Kuzakuthi uma inyoni ingena endlini ingananzele izifake. Li6ekwa
25 emnyango ugi6e lolu. Seluzoyi6amba intamo ikhameke ngo6a lu6oshelwa esigxotsheni ukuze ingemuki nalo. Ibubuza ize ife inyoni. Ukucuma ngama6ele nangenhlava ngalo ugi6e. Kuqalwe kwakhiwe indlu ngezinti noma ngogqunga ikhanye yonke indawo kodwa umnyango u6emunye. Emnyango sekuzo6ekwa ugi6e. Kuqalwe ngokuthela ama6ele endlini, noma ku6oshelwe izinhlava phakathi nendlu zizwa. Inyoni izakuthi iyangena i6anjwe.

Umgodi:- Enye indlela yokucupha. Kumbiwa umgodi omude. U6emude ukuthi inyoni ikwazi uku6ona inhlava noma ama6ele nomayini okucushwe ngayo. Lomgodi u6amuncane wanele.ukungena
26. yona inyoni. Ungaywumeli ukuphenduka. Izongena ngekhanda idumuselephezulu izi ife ingasakwazi uphuma lapho. A6anye kuwona umgodi 6a6eke lona ugi6e emnyango.

Inomfi:- Kukhona umuthi emila ezinta6ane okwakhiwa ngawo inomfi. Uno6isi olumhlophe luyanamfuna uma uluphatha. Uma li6alele kakhulu alu6ambi. Inomfi ifuna li6emakhaza ukuze inganci6iliki. Kuyaye kumiswe izinduku, noma inindwe emnyango wendlu yenyoni. Izakuthi ingayithinta inyoni i6ambelele izinsi6eni yahluleke ukundiza.

Isifu:- Kuthathwa itshe elisica6a ilingathi uma liwelaphezu kwenyoni ife khona manjalo. Kuye kufunwe izincipho, nemi6eki, nenhlava noma ama6ele. Kuzothathwa uthi olude olu6a phakathi
27. nesifusimiswe phezukwalo isifu. Inhlava esondele phansi kwesifu, kumbiwe umgodi ukuze sithi umasiwa isifu ingafi inhlava. Sekuzothathwa izincipho kucushwe ngazo. Ku6a khona ingcipho yaphansi neyaphezulu. Eyaphezulu i6anokatini eyangaphansi iyona imisa ingcipho nesifu kungawe kungathintwe lutho. Sekuzo6ekwa um6eko, iyona iyingozi ngo6a ithi ingayithinta ~~iyuki~~ inyoni siwe

MMM /isifu.....

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

isifu i6anjwe nayo. Imi6eko ivimbela inhlava ingasheshi ukuyidla inyoni.

Uma inyoni i6anjiwe umfana uyimbela eduzane nesifuleso zize zi6eningi. Zithathwa ntambama seku6uya izinkomo. Zilengiswa ngamakhanda. Unezingi kuthiwa u6ancintele a6anye.

28. Amagonsi:- Omunye umse6enzi wa6afana ukumba amagonsi. Umakumbiwa amagonsi asikho x isikhathi sokushaya unkatha kuyaqashwana uma izinkomo seziya emasimini.

Amagonsi afana notshani ayaqakaza okumhlophe. Ambiwa ehlo6o. Kuyaye kufunwe kuklelwe sengathi kuya zingelwa. Oselitholile uzakuthi qhu6ula. Njalo oselitholile athi qhu6ula. Oseqhu6ulile uhlalaphansi alimbe, a6anye 6a6e 6efuna. Ku6a kuhle umalina ngo6a ayaqakaza a6onakale masishane. Umalinganga ayephuza ukuqhu6uleka.

Ambiwa ngezimbo nangezinduku ezicijiweyo. Umakumanzi ambeka kalula.

29. Amagonsi anhlo6oningi kukhona imithintikazi nezalukazi. Imithintikazi kushiwo lana asemasha, ammandi futhi wona. Umithintikazi a6afana 6ayawuphatha 6awufake enguleni yamasi ukuze avuthwe kahle amasi. Izalukazi kushiwo amagosi asemadala, asekhule aphelela. Zinkulu futhi izalukazi kunemithintikazi. Uma zidliwa azimmandi ziyitshwanqa ntshwanqa. Izalukazi azifakwa eguleni.

A6anye 6athola amaningi amagonsi, kuzakuthi umasekuhlalwa phansi adliwe wonke a6anye ~~xxx~~ njalo amanye 6awashiyele izingula. Kuzakuthi izingqwele ziphe a6afana 6azo. Na6afana 6ethule
30. ezingqweleni. Amanye amagonsi ayahlonywa, kwenzelwe ukuqatha a6afana njengase phashini.

Omunye umse6enzi wa6afana ukuzingela izimbi6a:- Kuyaye kuklelwe sengathi kufunwa wona amagonsi. Kusondelwane kuhanjwe kubulwa. A6anye 6alindele emikhondweni wezimbiba ngezinduku. Kuthi uma eyi6ona imbiba ayishaye. Kuyekuculwe icula uma kubulwa. Iculo nanti:-

Aiye! Aiye! wemilomo,

We ngasene wemilomo.

MMM /Kusinye.....

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s715

Kusinye isikhathi zi6ehlule uma kwene kakhulu. Kuyaye kushintshwane. Kuthi ekade 6ebula 6a6uye ku6e yi6ona a6alindele emikhondweni wezimbi6a, kubule ekade 6elindele.

Izimbi6a zinhlo6o ningi, kukhona i6uzi, iphuku, ungoso,
31. nongoswana. Imbi6a:- ithi ayi6ensundu. Umzimba wayo umthende lena ebeke emava isuka entanyeni. Incane imbi6a kune6uzi. I6uzi lino6oya o6uningi, umbala walo umnyama ngokungwevu. Umsila walo kawumude, umfushane njengokulingene. Inyama ye6uzi kayifani neyembi6a. Eyembi6a imnandi kunayo.

Iphuku:- Nalo lino6oya o6ude o6uningi kodwa lona lehlukile kune6uzi. Izinyawo zalo zimhlophe, no6oya 6alo 6uyakhanya kanti umsila walo uyakhanya mude futhi.

Ungoso:- Ungoso yena wehlukile unomlomo omude nekhala elide futhi. Ungoso futhi unephunga eli6i, uyamuka futhi unolaka.

32. Ungoso udla izimbi6a, nama6uzi, namaphuku. Ungoswana unjengo ngoso kodwa mncane kakhulu yena. Aka6onakali noma ehamba ezintini zoqunga.

Uku6umba:-

Umakwelusiwe kuyekuthashwe u6umba. 6esekuhlalwa phansi ku6unjwa izinkomo nezinqola, namakhu6a namahashi kanye na6antu. Kwesinye isikhathi ku6unjwa izinkomo zokuqathwa. Kuzakuthi umaziqalisa ukoma 6aziqathe. Kuyakuthi ezahlula ezinye zilwiswe zodwa. Ziqathwa 6anikazi 6azo 6ayazi6amba.ngezandla 6azilwese. Kwesinye isikhathi kwenziwe izinka6i zokudonsa amakhu6a nezinqola. Amajoka enziwa ngoqunga zibotshozwe emalunda. Ikethanga kwenziwe ngencenca-
33. ne. Kuyekukhandwe nomqwaqo lapho kuzohamba khona izinqola. Kuphuthwe amatshane kuthiwe amasaka, noma umbila noma ama6ele noma amabece. A6anye 6enze izihliphi 6athuthe ngazo. Ku6oshelwa ngambili noma zi6elishumi kwa6anye zive. A6anye 6azi6ophele zilime ngamakhu6a. Namahashi kugitsheliswa a6antu kujakwe. A6anye 6ayafundisa.

Izintethe:- Izintethe nazo ziya6oshelwa zidonse izinqola. Kuye kuqalwe ngokufuna zona izintethe zi6eningi 6esezibotshozwa emalunda nazo. Ezinye ziyafa zinqunywa izimpaphe ukuze zingandizi.

MMM /Zona.....

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Zona zi6uye zosiwe zidliwe futhi.

34. Ukuhla6a umthambo, nokuhlu6a umcamo:- Kuyekuthi izingqwele zi6ize 6onke a6anye a6afana sezizo6ahlola imicamo ya6o. Kuzakuthi ongakahlu6eki a6anjwe ahlitshwe umcamo. Ku6uhlungu kodwa futhi ukumsiza loko omunye. Uma umthambo ugakawuhlu6i, sekuzofunwa umsho6a wenkomo. Kufunwe newa lokucamusa umthambo. Uma sewucamisiwe sekufakwa isho6a ku6oshwe wona umthambo. Kuzo hlala izinsuku ezintathu kuqamuke umthambo. Kodwa uma usa6oshiwe uthambo ku6uhlungu kushoshozele noma umuntu ecama.

Ukufunda ikwele:- Kunesilwanyane esifumaniswa emanzini kuthiwa imfunda makwele. Kuyekuthi la6a a6akwazi ukuhlamba,
35. 6ayizingele 6aze 6ayi6ambe, Umse6eyi6ambile kuthiwe 6onke a6angakwazi ukushaya amakwele a6akhiphe ulimi. 6esekuthathwa imfundama kwele i6ekwa olimini. Lesilwanyana siyaluma a6anye si6aluma kuphume igazi. Osezolingake lowo ukufunda ikwele. Omunye uyayalazi, omunye uyaphindwa futhi.

Ukufunda ukubukusha:- Kuyekuthi la6a a6angakwazi 6a6anjwe 6afakwe lapho kungashoni kakhulu 6afundiselwe khona. Kuthi ase6engcono 6asiwe lapho kushona shonayo kuye ngokuyanjalo. Kuthi umasefundile 6ayekwe. Ku6ona kala ngo6a 6anqunyelwe indawo a6azoyihlambe. Ophumelele kuyekuthiwe usekwazi.

36. Ziningi izindlela zokubukuda. Kuthathwa izigubu esezomile zamaswele zokwenza amagula kuhlanjwe ngazo. 6ayasidonsa xi si6engaphansi kwesifu6a. Asi6amba ngazo zombili xi izandla a6uye asivumele simudonse, simhluthule simuse phambili. A6anye 6ahlamba ngomhlanga owomileyo 6awusike ulingane izandla, 6awu6ophe ngaphanangapha, 6ese 6ewu6amba njengaso isigubu umase6ehlamba.

Ezinye izindlela zokuhlamba ukuse6enzisa izandla, nezinyawo. Kuqalwa ngedamu ukufunda. Kuzakuthi emvakwedamu kufundwe ukuhlamba Uma 6efundisa a6anye 6aya6emema emhlane a6akwaziyo kuthi lapho isizi6a sishona khona 6a6a shiye ngokucwila phansi 6ayothi
37. 6ephuma lapho 6aphume se6e6odwa. Uzosala lona omunye egwiliza ezama ukuhlamba agwilize kuthi ngelikade 6amulande njalo.

MMM /Ukuhlamba.....

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Ukuhlamba okuphambili okwezinyawo ngo6a nomuntu uyamuweza uma usufundile.

Ukucwila emanzini:- Kuyafundelwa nokucwila, uma usukwazi ukuhlamba ufunda kalula ukucwila. Kuthi umasewudiniwe ukuhlamba u6use uyacwila. Umuntu uma ecwila akaphefumuli. A6anomoya, 6acwila indawo ende kunala6a a6anomoya omfushane. Kukhona ukucwila umuntu ashone phansi a6uye nodaka. Kulikhuni loku ukucwila. Yi6oke la6o okuthi uma esecwilile washona omunye 6amufune 6amthole 6a6uye naye. A6anye 6ayehluleka.

38. Ukukha amanzi ngotshani:- Kuyekuthi uma isizi6a sekude sokuphuza kuthunywe. Umfana uku6a ayowakha amanzi ngotshani. Kuye kukhiwe utshani 6u6oshwe ngapha nangapha. Kuzakuthi uma efika emfuleni a6ukhumule ukuze amanzi angene kahle. Usezohamba e6utshekisa e6umisile. A6anye 6ayavundlisa 6uhanjwe 6utshekiswa umuntu aze afike nawo amanzi. Uzathi uma esefikile 6ukhunyulwe nganxanye 6ubekiswephansi aphumeke amanzi. Kwenziwe njalo 6aze 6eneliswe 6onke kanjalo.

Ukusholo inyoni emlilweni:- Kwakuthi uma umfana etholele inyoni, uma inamaqanda noma inamaphuphu, ufinye ifindo ukuze uyi6one nangelinye ilanga.

39. Kwakuthi umakukhona umlilo. Umuntu angakhulumi ngayo ngo6a kwesatshwa ukuthi izakumukela. Umfana wayengayi khulumi inda6a yezinyoni ekhaya, nakumantombazane engalokothi. Futhi waye ngatsheni 6onke a6afana ngo6a esa6a ukuthi 6azoyikhulumela emlilweni. Sekwaze kwa6ayisiga ukuthi ungayi (khulumeli emuhlweni). Lesiga sisho ukuthi inda6a yakho ungayixoxi kuwo wonke umuntu ngo6a umunye wokuthutha.

Ukukulezela izinyoni:- Inyoni svama ukukulezelwa igedezi. Igedezi lindlu enjengexhi6a la6antu. Kuyekuthi uma 6efuna ukuli6amba, umfana umema a6anye 6ayolikulezela. Kukhona iculo lokukulezela, kuthiwa:-

Yekulekule, yekulekule, yekulekule. njalo

40. Kuculwa leliculo kuzungezwa indlu yegedezi. 6onke a6afana 6aphethe izinduku. Kuzakuthi umase6edilaye kaningi se6ethemba

/ukuthi.....

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s715

ukuthi selilele, anyonyo6e omunye ngemuva kwendlu. Unyonyo6a nje a6anye 6ayadilaya. Uzakuthi umasesondele 6akulezele kakhulu. Usezoshaya omunyango. Kwesinye isikhathi ashayekanye nendlu namaqanda. A6anye 6ayemboza ngezandla. Kusinye isikhathi 6ajukujele 6onke esidlekeni.

Isikululukulu:- Sona noma sengenaso isidleke a6afana 6ayasilalisa ngokuthi jazi, maniki-niki
jazi, maniki-niki.

Kushiwo kuzungezwasona isikulukulu. Sesizolala phansi sithine. Se6esishaya kanye kanye 6onke a6afana. Isinye sisinde njalo.

41. Insalela:- Kungomunye umse6enzi wa6afana. Kuyekuthi uma a6afana 6engazani 6acelane insalela, noma6eyisana a6afana 6ayacelana insalela. Uyathi omunye komunye insalela, 6ese ethi omunye woza uyithathe. Uma engafuna athi ayikho. Umase6eshayana 6alwa ngempela 6a6ukele a6anye a6afana. Kuzakuthi omunye uma eselimele athi maluju. Usezogezwa. Uma engakadeli 6aphindane futhi. Kwenye inkathi ehlulwe omunye, kwenye inkathi 6aze 6aye kane njena.

Umfana olimele kucelwe insalele aliko icala, ngo6a 6ekudlalwa. Uma ingozi ingavumi ukuphola uyamtshotshozela omunye ngembuzi. Kwesinye isikhathi kususe enkulu impi ya6afana.

ENDS 715.

MMM

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.